Asati G-Â¢_Z-

IVALIWE IZE IKHULUNYWE

INKONZO YESIKHUMBUZO SIKA- RAJIV GANDHI

INKULUMO NGUMNTWANA MANGOSUTHU BUTHELEZI
UNDUNANKULU WAKWAZULU
NONGUMENGAMEL I WEGEMBU LENKATHA YENKULULEKO

EHHOLO LEDOLOBHA, KWADUKUZA 2 JUNI 1991

OSUKWINI OLUFANA NALOLYU LAPHO SONKE SIBUTHENE KHONA LAPHA UKUZOHLONIPHA IQHAWE ELIYINDODANA YASENDIYA, U-RAJIV GANDHI, UMUNTU AKAKWAZI UKUBA ANGAWUGXILISI UMQONDO WAKHE EKUBULAWENI KWABAHOLI BEZOMBUSAZWE NJENGOHLANGOTHI LWEMPILO YEZOMBUSAZWE KULELIZWE.

UMUNTU AKAKWAZI UKUBA ANGAWACABANGI AMANYE AMAGHAWE AMAKHULL ANGABAHOLI BOMHILABA ABANEMPILO YABC EYACISHWA YIKUBULAWELWA EZOMBUSAZWE . KHONA EKUGALENI NJE SICABANGA NGEQHAWE ELINGU-GANDHIJI UQOBO LWAKHE, UMAHATMA. SICABANGA NGODOKOTALA MARTIN LUTHER KING WASEMELIKA. SICABANGA NGONINA KA-RAJIV GANDHI - UNKSK. INDIRA GANDHI LELOGHAWEKAZI LENGCWEPHESHI IZINDABA ZOKUBUSWA KWEZWE NAYE uQoBO OWAYEYINDODAKAZI YOMUNYE WABAKHULULI BEZWE LASENDIYA - U-PANDIT JAWAHARLAL NEHRU.

UMUNTU UZIBUZA UMBUZO WOKUTHI KUNGANI, NGAPHANDLE KOKUFUMANA IZIMPENDULD ZALOWOMBUZO. KUYANGIMANGAZA UKUTHI KUDALWA YINI UKUBA ABANTU BAGURUKELE EKUBULALENI IZITHA ZABO ZOMBUSAZWE ESIKHUNDLEN! SOKUSEBENZISA UKUPHIKISANA NGOMQONDD NAZC. ABANTU ABANINGI KULELIZWE BATHANDA UKUKHOLWA YUKUTHI INDLUZULA YEZOMBUSAZWE ESIBHEKENE NAYD KULELIZWE IDALWA NGUBULWANE BABANTU ABAMNYAMA . KUKHONA ABANTU ABATHI KUNENDLUZULA ENGAKA NJE EPHAKATHI KOMNYAMA NOMNYAMA KUNGENXA YOKUBA - NINA PHELA BANTU  ABAMNYAMA NISANDA KUPHUMA EBULWANENI. KEPHA NGAPHANDLE KOKWEMUKELA LOLOHLOBO LWEMPIKISWANO ENOBANDLULULO LWEZINHLANGA, NGIZIBUZA UMBUZO WOKUTHI kuDALWA YINI UKUBA KUBENOKUBULAWA KWABAHOL I BEZOMBUSAZWE ABANINGI KANGAKA NGISHO NASEZWENI ELIFANA NELASENDIYA ELINAMAKHULU AMANINGI KANGAKA EMINYAKA YEMPUCUKD NGEMUVA KWALD NA? NGIYAGHUBEKA NGIYOZIBUZA UKUTHI KUDALWA YINI UKUBA ELASEMELIKA LIBE NABAHOLI BALO ABANINGI KANGAKA ESELABABULALA NA - ABAHOLI ABAFANA NAWODOKOTELA MARTIN LUTHER KING, UMENGAMELI JOHN KENNEDY, U-ROBERT KENNEDY NOMA UMENGAMEL 1T ABRAHAM LINCOLN NA? UKUBULAWA KWABAHOLI KUSISHIYA NEMIBUZO ESIKHATHAZAYQ.

OKUNYE OKUDIDA UMUNTU NGAL.OLUDABA YIKUTHI UNKULUNKULU UKUVUMELELANI UKUCHITHWA KWEZIPHIWO ZEZIDALWA EZINGABANTU UKUBA KWENZEKE NGALENDLELA? KUDALWA YINI UKUBA INGCWEPHESHI

ESENCANE...../2

-

ESENCANE YEZINDABA ZOKUBUSWA KWEZWE EFANA NORAJIV GANDHI, ESAGCWELE ISITHEMBISO ESINGAKA, YEPHUCWE IMPILOD YAYO ISELIFUMUKA LEMINYAKA ENGAMA-46 NJE KUPHELA. NGINGAQWUBEKA NGIBUZA LEMIBUZO YOKUTHI KUDALWA YINI NGAPHANDLE KOKUF INYELELA ESIPHETHWENI SOKUTHI KUDALWA YINI UKUBA UNKULUNKULU ASENZE SIBHEKANE NALAMASHWA NGEZIKHATHI NGEZIKHATHI AFANA NALOKHU KUBULAWA KUKA-RAJIV GANDHI.

NGIKE NGASHO NASEKUQRALENI UKUTHI UKUBULAWA KUKA-RAJIV GANDHI KUNGIKHUMBUZE UKUBULAWA KWAMAGHAWE AMANINGI ABULAWE ININGI LETHU ESILAPHA SESIKHONA NJE EMHLABENI. NJALO NJE NXA NGICABANGA NGO-MAHATMA GANDHI KULEZIZINYANGA NAKULEMINYAKA YAKAMUVA, KUYE KUNGIMANGAZE NJE UKUTHI WAYENGATHINI NOKUTHI WAYENGAPHENDULA KANJANI KULOLUSUKU NEMINYAKA YENDLUZULA NONYA NOKUNTULA UZWELO NOKUBHIDLIZWA KWAMAKHAYA. WAYEYOPHENDULA KANJANI KULOKHU KUKHULA KWENDLUZULA LAPHO LENDLUZULA KUNGASEYONA INDLUZULA YOMCINDEZEL1I AYEYAZI, KEPHA SEKUYINDLUZULA YABACINDEZELWEYOD ABAYISEBENZISA KWABANYE ABACINDEZELWEYO OKUYINTO ENGAZANGE YENZEKE EZINSUKWINI ZAKHE?

NGIKHOLWA YIKUTHI KUFANELE SIME KANCANE SICABANGE NGEZINTO KANTI FUTHI EKUZIBUZENI KWAMI LOLUHLOBO LWEMIBUZO NGO-MAHATMA GANDHI, KUYE KUD INGE UKUBA NGIBUYE NGIZIBUZE IMIBUZO NGENINGIZIMU NE-AFRIKA NAMHLANJE.

NGENKATHI UMAHATMA GANDHI EFIKA LAPHA ENINGIZIMU NE-AFRIKA EHLANGABEZANA NOKUCINDEZELWA KWABAMNYAMA NGABAMHL OPHE NGOBANDLULULDO LWEZINHLANGA, WABANGASOHLANGOTHINI

LWABACINDEZELWEYO. NGICABANGA UKUTHI KUFANELE SIME KANCANE SIZIBUZE UKUTHI YINI NGEMPELA EKWABACINDEZELWEYO, NOMA PHAKATHI KWABACINDEZELWEYOD, AYEHAMBISANA NAYO.

NGIFISA UKUPHAKAMISA UKUTHI OKUYIKHONA OKWAKUFAKA UMOYA KA-MAHATMA GANDHI ITHEMBA EKUZINIKELENI KWAKHE  EKUTHULENI NASEKUZABALAZENI NGOKUTHULA NASEKUZ INIKELENI KWAKHE EKWENQABENI UKUSERENZISA INDLUZULA UKULWA NENDLUZULA YABACINDEZEL1, KWAKUYIZIMANGA AYEZ IBONA NGAMEHLO AKHE Z0QUGABA, ABANTU NJE PHAGA ABABESUKUMA BAPHUMELE OBALA BESEBENZISA IZINDLELA ZOKUTHULA.

NXA NGICABANGA NGIBHEKA EMUVA EMASHUMINI AMABILI EMINYAKA YOMLANDO WASENINGIZIMU NE-AFRIKA NGIKHUMBULA UKUTHI IZIGIDI, LAPHA NGIQONDE I1ZIGIDI ZEMPELA ZABANTU ABAMNYAMA BASENINGIZIMU NE-AFRIKA SEBAGAUNYWA EMAJELE NGOBA NJE AMAPASI ABO ENGEKHO ESIMENI ESIFANELEYO, NOMA BETHOLAKALE BENGEKHO ENDAWENI EFANELEYD NGESIKHATHI ESIFANELEYDO FUTHI BENEPHEPHA ELINGAFANELE EKHIKHINI LABO, NGICABANGA - UKUTHI NGIYAQALA UKURONDA UKUTHI KWAKUYINI NGEMPELA EYAYIFAKA UMAHATMA GANDHI INTSHISEKELO.

NGABANTU..../3

NGABANTU ABAMNYAMA BASENINGIZIMU NE-AFRIKA, ABAMPOFU NABACINDEZELWEYO, ABAGCINA LOWOMONYA OWAWUF AKA UMAHATMA GANDHI INTSHISEKELO UVUTHA. NAYE NGAKOLWAKHE UHLANGOTHI - EHLANGENE NABANYE ABAHOLI ABAKHULU BEZOKOMOYA - WAGINISA UMOYA WOKUTHULA PHAKATHI KWABACINDEZELWEYOD. KEPHA YENA NABANYE BABENGEKE BAKWAZI UKUDALA LOWOMOYA NGOBALA.

KUKHONA INTO ETHILE ENOKUZIHLONIPHA ENINGIZIMU NE-AFRIKA EMNYAMA OKUYIYONA EYAYITHINTA ABAHOLI ABAKHULU ABAFANA NO-MAHATMA GANDHI, NABANYE ABAHOLI ABAMLANDELAYO KAMUVA ABAFANA NO-CHIEF ALBERT LUTULI.

KUYE KUTHI LAPHO NGIHLANGANA NOQUOABA LWASEMAKHAYA ENDAWENI YESIZWE SAMI NGILALELA UBUHLAKANI BAWOMAMA NAWOGOGO, NGILALELA FUTHI NOBUHLAKANI BOQUQAABA NOLWABANTU ABASEBENZA NGEZIKHWEPHA, NGIYE NGAZI UKUTHI IBHAYIBHELE LIGINISILE NOKUTHI LABA NGABANTWANA BAKANKULUNKULU BEMPELA. NGIYE NGAZI NXA NGILALELLE LABABANTU UKUTHI NGEMPELA ABAMNENE BAYOKUDLA IFA LOMHLABA.

MHLAWUMBE SITSHEKELE KAKHULU NGASEKUBHEKENI UKUZIHLONIPHA NAMAGHAWE NJENGENTO YABANTU ABAPHEZULU NABANAMANDLA ABATHWELE UMTHWALO WOKUGCINA UQUAABA LUSENDLELENI EFANELEYO.

NGICABANGA UKUTHI LOKHU KUYIKUHLANEKEZELA IZINTO. ABANTU ABAZIHLONIPHAYD BAYOPHETHA NGOKUBA NABAHOLI ABAZIHLONIPHAYO. YIKUZIHLONIPHA OKUPHAKATHI KOGUGABA OKUNGINIKEZA ITHEMBA. NGINEQINISO UKUTHI KWAKUY IKUZIHLONIPHA PHAKATHI KOQUBABA OKWAFAKA U-MAHATMA GANDHI INTSHISEKELO KWAMNIKEZA ITHEMBA LOKUTHI INDLELA YAKHE YOKULUNGA NOBULUNGISWA NOKUTHULA IYINDLELA EFANELEYO.

KANGIKHOLWA YIKUTHI U-MAHATMA GANDHI OWALANDELWA NGU-MARTIN LUTHER KING KWABUYE KWALANDELA U-CHIEF ALBERT LUTHULI KANYE NAMI MANJE NABANYE SASINGAYIGHUBA IMIGOMO YOKUTHULA, FUTHI SISEKELE AMASU NAMAGHINGA OKUTHULA NJENGENDLELA YOKUFEZA IMIGOMO EHLONIPHEKILEYO, UKUBA SASINGAKHOLELWA OQUGABENI LWABANTU .

UKUZINIKELA KWETHU KWAKUNGEKHONA UKUZINIKELA EMGOMENI OTHILE NJE NGISHO NOMA NGABE LIYADUMA NOMA LIBALELE. UKUZINIKELA KWETHU KWAKUYIKUZINIKELA OKUSEKELE EZIMENI EZIY1Z0 EZISIZUNGEZILEYO. U-MAHATMA GANDHI WAYAZI UKUTHI ABANTU ABAHLUPHEKA NGAPHANSI KOKUCINDEZELWA YUBANDLULULO LWEZINHLANGA BABEDALELWE UKUBA NGABANTU ABAZIHLONIPHAYO. WAYEKHOLWA YIKUTHI BABEDALELWE UKUBA NGABANTU BOKUTHULA FUTHI EKHOLWA YUKUTHI BABENGABANTU ABABEDALELWE UKUBA NEZIMILO EZIGOTHO.

WONKE..../&

WONKE UMZABALAZO WOMUNTU OMNYAMA WENKULULEKO KWELASEMELIKA WAWEYEME ENKOLELWENI KA-MARTIN LUTHER KING NABANYE ABAHOLI ABAKHULU YOKUTHI UKUCINDEZELWA NOKUGOILAZWA KWABANTU ABAMNYAMA KULELIZWE KWAKUBIZA IMPENDULO ENOKUZIHLONIPHA KUBO. BONKE UBUHOLI BUKA-MARTIN LUTHER KING BABUNGUBUHOLI OBABUFUNA LOBOBUQHAWE . WAHLANGANISA ABANTU WABENZA BAMASHELA UKUTHULA NGENKATHI BEBHEKENE NE-KU KLUX KLAN NOKUBULAWA NGONYA NGOBA NJE BEYILABOBANTU ABABEYIBO.

WAYEKHOLWA YIKUTHI AMAMELIKA AMNYAMA AYEHAMBA PHAKATHI KWAWO NAYEWAHOLA AYEDALELWE UKUBA NGABANTU ABAZIHLONIPHAYO NABAROTHO . BABENGADALELWANGA UKUBUYISELA UBUBI NGOBUBI . BABENGADALELWANGA UKUGQILAZWA NGOBUBI . BABEDALELWE UKUBA BAKUNQOBE UKUKHOHLAKALA. WONKE UMBUTHC WOKULWELWA AMALUNGELO KWELASEMELIKA WABAMROKA NBENXA YOKUTHI ABAHOLI ABABELWELA AMALUNGELO EZAKHAMIZI EZIMNYAMA BALWA NENTUKUTHELO NOKUDIKIBALA NENZONDO OKUYIZINTO EZICHANYISELWA KALULA YUBANDLULULO OLUNENDLUZULA KUBANTU.

KULELIZWE LAKITHI I-AFRICAN NATIONAL CONGRESS YASUNGULELWA PHEZU KWENKOLELO VYOKUTHI AMASU NAMAGHINGA OKUTHULA AYINTO EPHAKEMEYDO NOKUTHI U-MAHATMA GANDHI WAYEQINISILE. UMZABALAZO WETHU WAWUNGUMZABALAZDO WOKULWA NOKUNTULEKA KOKUZIHLONIPHA NOKUKHOHLAKALA NGOKUSEBENZISA UKUZIHLONIPHA NOKULUNGA .

NXA NGIKHULUMA LAMAZWI KANGIKHULUMI NGAWO AMATHUBA ALULA OKUPHENDULA ESINYE ISIHLATHI NOKUNGAPHENDUL I INDLUZULA NGENDLUZULA NGOBA SINGENASO ISIBINDI SOKWENZA LOKHO. NGISHO LOKHU ENGIKUSHOYO NGOBA KULULA KAKHULU UKUGADLA KUBHAXABULE NOKUMEMEZELA IMPI NOKUGQUGQUZELA UKUVUKELWA KOmMBUSO, KUNOKUQHUBEKA NOKUHOLA ABANTU NGOKUTHULA NOKUBUTHA AMANDLA EMPELA ABANTU ASEMAKHONWENI ABO ADALWA NGUNKULUNKULU OKUPHAKAMA BEDLULE INDLUZULA NOKUFA NOKUKHOHLAKALA OKUBHEKISWE KUBO.

SEKUBE NOBUFAKAZI OBUNINGI BOKUTHI ZONKE LEZIZINTO ENGIZISHOYO ZIVYIQINISO. EMHLABENI WONKE UMHLABA USUQHELILE EBULWANENI WAQGHUBEKELA EKUZIHLONIPHENI OKUPHUCUZEKILEYO. YILESO NALESOSINYATHELO ESIYAPHAMBILI ESESITHATHWE YISINTU SITHATWE NGENXA YOKUBA SEKUBONAKELE IZIKHATHI EZININGI UKUTHI UKUZIHLONIPHA KUSEBENZA KANGCONO KUNOKUKHOHLAKALA.

NGISHO NOMA NGABE UKHULUMA NGOTHANDO OLUPHAKATHI KOMUNTU WESILISA NOMUNTU WESIFAZANE, NOMA UTHANDO OLUPHAKATHI KWABANGANI NOMA UBHEKE UMNDENI OWAKHIWE YINDODA NOMKAYO NEZINGANE ZAYO NOMA UKHULUMA NGOMNDENI OBANZI, USAKHULUMA NGOKUZIHLONIPHA OKUHLANGANISA ABANTU NDAWONYE. UKUKHOHLAKALA KUYAQHEKEZA 3 UKUZIHLONIPHA KUYAHLANGANISA.

KUY INTFO S swes/D

KUYINTO EDALWE YABA YINGXENYE YESIMO SOMUNTU NOMPHAKATHI UKUBA AMANDLA AQHAMUKE EKUZIHLONIPHENI. KUYINTO EMIYO UKUTHI UBUQOTHO BUSOHLOTSHENI LOMYALEZO OWAWUSATSHALAL ISWA NGU-MAHATMA GANDHI. UBUGOTHO BUSETHEMBENI NASEKULUNGENI.

BAFOWETHU NODADEWETHU, KANGIPHAKAMISI WONA UMCABANGO ONGACACILE NOLULA OTHI UKULUNGA KUPHAKEME KANGANGOBA KASIKUDINGI UKWENGENA NOKWESABA UKUKHOHLAKALA. LOKHO KAKULONA IQINISO. U-MAHATMA GANDHI WAYENGAKUKHOLWA LOKHO. U-MARTIN LUTHER KING WAYENGAKUKHOLWA LOKHO. U-CHIEF ALBERT LUTULI WAYENGAKUKHOLWA LOKHD, NAMI FUTHI KANGIKUKHOLWA LOKHO.

KUKHONA UKUKHOHLAKALA EMHLABENI NGAKHO NGAPHANDLE KOKUBA ABANTU BABUTHELWE EKUTHULENI NASEKULUNGENI NANGAPHANDLE KOKUBA BAFUNDISWE UKUSEBENZISA UKUTHULA UKUFEZA UKUNGOBA PHEZU KWENDLUZULA, INDLUZULA NOKUKHOHLAKALA KUNGASE KUNGOBE KALULA. KANGISEBENZISI UMQONDO WEGAMA ELISEKELA UHLOBO LOKUTHEMBELA EKUTHULENI NGENDLELA ETHI UKUTHULA NENTANDO ENHLE KUYONGOBA PHEZU KWENDLUZULA NOKUKHOHLAKALA NOMA KUNGANJANI .

ENGIKUSHOYD NJE VYIKUTHI ABANTU BANOKUBUTHWA UKUBA BALWE NOKUKHOHLAKALA NGOKUBABUTHELA EKULUNGENI. ENGIKUSHOYO NJE YIKUTHI UKULUNGA KUDALWE KWANGCONO KUNOKUKHOHLAKALA. KUDALWE KWANAMANDLA AMAKHULU. NGITHI U-MAHATMA GANDHI NO-MARTIN LUTHER KING NO-CHIEF ALBERT LUTULI BAPHAKAMISA ABANTU UKUBA BEBENAMANDLA NGOBA BABEKHOLELWA EMANDLENI OKULUNGA, BEKHOLWA YIKUTHI KUKHONA INTO ETHILE OKUNGABUTHELWA ABANTU KUYO.

KUNGENXA YOKUBA UKULUNGA KUDINGA UKUKHUTHAZWA NJENGOBA SINAMAGHAWE ETHU AFELA UKULUNGA KUZOZONKE IZIZUKULWANE. NOMA NGABE UKHULUMA NGOBUKHRESTU NOMA NGABE UKHULUMA NGEZINYE IZINKOLO EZINKULU EMHLABENI , UKHULUMA NGEZINKOLO LAPHO KUNABAFELA UKHOLO ABAFAKA ABALANDELI NABAHOLI ABABALANDELAYO INTSHISEKELO.

THINA ESISENKOLWENI YOBUKHRISTU SIYAZI UKUTHI KWADINGEKA UKUBA KWEHLE UKHRISTU EZE EMHLABENI AZOKHWEZELA UKULUNGA OKUKITHI FUTHI THINA NJENGAMAKHRISTU SIYAZI UKUTHI SASIDINGA UKUKHULULWA ESONWENT . SIYAZI UKUTHI UKHRISTU UYAKWAZI UKUSIKHULULA NOKUTHI UYASIKHULULA ESONWENI NGOBA UKULUNGA KWAKHE AKUNASIPHETHO FUTHI uvusa KITHI AMANDLA ADALWA NGUNKULUNKULLYU USOMANDLA KITHI UKUBA SIBE NGABALUNGILEYO.

BAFOWETHU NODADEWETHU, NG I KHULUMA KANJE NGENXA YOKUBA NGIKUBONA LOKHO KULUNGA KUNGIZUNGEZILE. NGIKHULUMA KANJE NGOBA NGIBONA UKUBULAWA KWABAHOLI BEZOMBUSAZWE KUDALA UKWANDA

UHLU OLUPHELELEYD LWABAHOLI BEQEMBU LENKATHA YENKULULEKO ABAFE NGENDLUZULA NGENXA YOKUBA BEMELE UKUTHULA NENTANDO YENINGI NOBULUNGISWA NOHLELO LWEPHALAMENDE ENAMAGEMBU AMANINGI, SELUFINYELELE E-153 MANJE. NGIKHULUMA NGABAHOLI BEQGEMBU LENKATHA YENKULULEKD ABABULAWE NGOBA BENGABAHOLI BEQEMBU LENKATHA YENKULULEKO. KANGIKHULUMI NJE NGABANTU ABAFE ENDLUZULENTI. NGIKHULUMA NGABANTU OKUQGONDISWE INDLUZULA KUBO NGQO - ABANTU ABASOHLWINI LWABANTU BOKUBULAWA.

SISARDOGA ULWAZI NGABAFILEYO BETHU NGAKHO LOLUHLU ENGIKHULUMA 'NGALO KALUPHELELE. LUYAKHULA NJENGOBA SIFUMANA ABANYE ABAHOLI BEGEMBU LENKATHA YENKULULEKO ABAFE NGENXA YOKUBA BENGABAHOLI BEQEMBU LENKATHA YENKULULEKO.

IQINISO LOKUTHI ABAHOL I BEQEMBU LENKATHA YENKULULEKO BAYAHLASELWA BABULAWE LIKHOMBISWA YIZIBALO EZIKHOMBA UKUTHI KUBAHOLI BEGEMBU LENKATHA VYENKULULEKO ABAYI-153 ABAFILEYO, ABANGAMA-37 KUBO KWAKUNGOZIHLALO BEGEMBU LENKATHA YENKULULEKO - ABAHOLI BAMAZIKO ABAHDOLI ABASEBENZELA IQEMBU, ABAHOLI ABAPHIKISA UKUVUKELWA KOMBUSO NABAHOLI ASEBEZAME UKUGCINA UMBUSAZWE UZINIKELE - EKUSETSHENZISWENI KWAMASU NAMAGHINGA OKUTHULA UPHILA. KULABOZIHLALO ABANGAMA-37 ABABULAWE NGENXA YOKUBA BENGOZIHLALO BEQGEMBU LENKATHA YENKULULEKO, KUFANELE SENGEZE AMANYE AMAPHINI | OZIHLALO AYI-14 NAMANYE AMALUNGU EKOMIDI AYI-14. KULABOZIHLALO, AMAPHINI OZIHLALD NAMALUNGU EKOMIDI ABULAWA NGENXA YOKUBA EPHETHE IZIKHUNDLA ZOBUHOLI EQENJINI LENKATHA YENKULULEKO, KUFANELE SENGEZE ABAGOUNGQUZELI ABAYI-11 ABABULAWAYO NAWONOBHALA BOKWAZISA ABAYI-14 ABABULAWAYD NOSIKHWAMA ABAYISITHUPHA KANYE NEPHINI LIKASIKHWAMA ELILODWA ABABUL AWA NGENXA YOKUBA BEPHETHE IZIKHUNDLA ZEZIPHATHIMANDLA EZAKHIWENI ZEQEMBU LENKATHA YENKULULEKO.

KAKUWONA UMONGO WOBUHOLI BEQGEMBU LENKATHA YENKULULEKO KUPHELA OWABULAWA NGONYA. AMALUNGU AYI-18 EGEMBU LENKATHA YENKULULEKO ABULAWAYD AYENGABAHOLI BENTSHA; KUNABESIFAZANE ABASEBANCANE ABANGAKAGANI ABAYI-18 ABABULAWAYO KANTI FUTHI INDLUZULA YAGUQUKELA EKUBULALENI ABESIFAZANE ABASHADILEYO ABAYI-13. NGAPHEZU KWALOLUHLU LWABAHOLI BEQREMBU LENKATHA YENKULULEKO ABAYI-133, KUFANELE KWENGE ZWE AMALUNGU ANGAPHEZU KWENKULUNGWANE ABULAWE EKUHLASELWENI NGENDLUZULA.
)

NXA KWAKUNGAKE KUBEKHONA UKUHLASELWA KWEQEMBU LOMBUSAZWE U-MAHATMA GANDHI AYEYOKUCHITHA, NOMA U-MARTIN LUTHER KING AYEYOKUCHITHA, KUYILOKHU KUHLASELWA KWEQEMBU LENKATHA YENKULULEKO. KAWUKHO UMBUSAZWE OKUFAKAZELAYD. KAYIKHO INGOZI ENKULU ELENGELA NOMA YILUPHI UHLOBO LOMBUSAZWE ENGAFAKAZELA

LOLUHLOBO....../B

LOLUHLOBO LOKUHLASELWA KWEQEMBU LENKATHA YENKULULEKO. LOLUHLOBO LOKUHLASELWA KALUNALO ITHUBA LOKWAKHA IKUSASA ELINGCONO LENINGIZIMU NE-AFRIKA.

NXA UBHEKA UKUTHI LABABAHOLI BEQEMBU LENKATHA YENKULULEKO BABULAWA NGANI NOKUTHI BAFA KANJANI NGEMPELA, UKUBONA KONKE OKUSHAQISA OKUPHELELEYO KOKUBULAWA KWABANTU KWEZOMBUSAZWE ENINGIZIMU NE-AFRIKA. OMUNYE UMHOL I AKAGCINANGA NGOKUDUTSHULWA NJE KUPHELA KEPHA WABUYE WAGWAZWA WABUYE WASHISWA. ABAYISITHUPHA BABULAWA NGAMABHOMU KAPHETHOLOD NAMABHOMU ESANDLA KONKE OKWASETSHENZ ISWA NGESIKHATHI ESIFANAYD. ABANGAMA-22 BASHISWA, ABANYE BESHISWA NGISHO NANGEMUVA KOKUBA BENGQUNYWE 0GHOQHOQHD NOMA SEBEQOTSHWE BENZIWA IZICUCU. ABAYISIKHOMBI KULABA ABAHOL I ABAI-133 BEDEMBU LENKATHA VYENKULULEKO ABABULAWAYO BABULAWA NGETHAYI ELIVUTHA UMLILO. ABANGAMA-S4 BADUTSHULWA NJE KWATHI ABANYE BADUTSHULWA BABUYE BASHISWA. ABAYISIHLANU BADUTSHULWA BABUYE BAGWAZWA. ABABILI BADUTSHULWA BASE BEBUYE BEKHANDWA NGAMATSHE BEBULAWA . ABANGAMA-32 BAGWAZWA BABULAWA. ABAHLANU BANGQUNYWA OQHDGHOOGHD KWATHI ABABILI BANGUNYWA AMAKHANDA .

KAKUKHONA UKUFA NJE KUPHELA, KEPHA YISIHLUKU SOKUFA, OKUYISONA ESISHAQRISA KAKHULU EMBUSAZWENI WASENINGIZIMU NE-AFRIKA NAMHLANJE.

INDLUZULA KUFANELE IPHEZE NAMHLANJE. INDLUZULA KUFANELE ITHELWE NGEHLAZO IRHELE . KUFANELE SIYIQEDE INDLUZULA YEZIZATHU ZOMBUSAZWE.

MINA KANYE NQEMBU LENKATHA YENKULULEKO SITHEMBISA UKUSEBENZELA UKUQGEDA YONKE INDLUZULA, FUTHI SIZOHLANGANYELA NANOMA NGUBANI NOMA NGABE UGHAMUKA KUYIPHI INKAMBU YEZOMBUSAZWE NXA BEZINIKELE NGEMPELA EKUSEBENZELENI UKUTHULA NOKUGONDISA UBUDLELWANI PHAKATHI KWEZINHLANGAND ZOMBUSAZWE ZASENINGIZIMU NE-AFRIKA.

SIYAZI UKUTHI KAKUKHONA LAPHA KUPHELA LAPHO IMIGOMO EYAZATSHALAZELWA NGU-MAHATMA GANDHI NO-MARTIN LUTHER KING KANGAKA ILENGELWA KHONA YINGOZI. UKUBULAWA KUKAMNU. RAJIV GANDHI ENDIYA MUVA NJE KUKHOMBISA UKUTHI KUKHONA INGOZI KUYO KANYE INDAWO LAPHD U-MAHATMA GANDHI AFEZA KHONA UMSEBENZI OMKHULU WOKULWA NENDLUZULA.

KUFANELE THINA NJENGABANTU BASENINGIZIMU NE-AFRIKA SIME

SITHI KASIDALELWANGA UKUBA SISEBENZISE INDLUZULA OMUNYE KOMUNYE . KASIBEKWANGA LAPHA EMHLABENI NGUNKULUNKULU USOMANDLA UKUBA SIBULALANE. KUFANELE THINA NJENGABANTU BASENINGIZIMU NE-AFRIKA SIGUOUKE MANJE KULELIHORA LOKUGCINA ESIXWAYISWA

NGALO.../9

NGALO NGENHLEKELELE EPHELELEYD ENGADALWA YINDLUZULA, KUFANELE SIBUYELE ECELENI SIHALALISELE U-MAHATMA GANDHI NEMPILO YAKHE NEMISEBENZI YAKHE, KUFANELE SIKUQONDE FUTHI UKUTHI AMANDLA ASIFUNDISA WONA ANOKUBA NGAWETHU NGOKUSEBENZISA UKUTHULA.

KAKUKAZE KWENZEKE KUWOWONKE UMLANDO WENINGIZIMU NE-AFRIKA UKUBA KUBENOMZUZU ONETHUBA ELIHLE UKWEDLULA UMZUZU WANAMHLANJE MAGONDANA NOKUQEDWA KWENDLUZULA. KAKUKAZE KWENZEKE NGAPHAMBILI EMLANDWENI WENINGIZIMU NE-AFRIKA UKUBA KUBENAMATHEMBA AMANINGI KUNALANA AKHONA OKUBA KUBEKHONA OKUBA KUBENOKUXAZULULWA KWENKINGA YOMBUSAZWE NGOKUTHULA. KAKUKAZE KWENZEKE NGAPHAMBILI UKUBA KUBENAMAGEMBU AMANINGI OMBUSAZWE NABAHOLI ABANINGI ABASEBENZELA UKUDLULELA EMBUSWENI WENTANDO YENINGI WEQINISO ONAMARGEMBU AMANINGI NGOKUTHULA UKWEDLULA LESISIKHATHI SAMANJE.

KEPHA FUTHI KAKUKAZE KWENZEKE NGAPHAMBILI KUWOWONKE UMLANDO WEZWE LAKITHI UKUBA KUBENALOLUHLOBO LWENDLUZULA ESIBHEKENE NAYD NAMHLANJE LAPHO UMFOWABO OMNYAMA EBULALA KHONA UMFOWABO OMNYAMA EZINXUSHUNXUSHWINI ZOMBUSAZUWE . UKHRISTU WAFELA LENDLUZULA ENYANYEKAYO ESIYIBONA NAMHLANJE. U-MAHATMA GANDHI WAPHILA IMPILO YAKHE WAHLUPHEKA UKUHLUPHEKA AKUHLUPHEKAYO NGENXA YOBUB1 BENDLUZULA YESINTU ESIBUKHOMBISAYO NAMHLANJE.

NGIYAFISA UKUKUSHO UKUTHI NALA NGINGAKAZE NGIBENALO ITHUBA LOKUBONANA NOKWAZI U-RAJIV GANDHI uaoBo, BENGIMHLONIPHA

KAKHULU NGALOKHO AZAME UKUKWENZELA ISINTU. OSUKWINI OLULANDELA UKUBULAWA KWAKHE NGABANETHUBA LOKUBA NOMENGAMELI KENNETH KAUNDA WASEZAMBIA, NGAKWAZI UKUZWA KULOKHO AKUSHOYO NGEMUVA KOKUBA NGITHINTE UDABA LWALELISHWA LOKUFA LAPHO NGAFUMANA KHONA UKUTHI U-RAJIV GANDHI WAYENGUMUNTU OHLONISHWAYO KU-COMMONWEALTH OF NATIONS. NGANGETHEMBA UKUTHI NXA UNKULUNKULU EVUMA NGIYOBONANA NAYE NGELINYE ILANGA, NAPHEZU KWABANINGI ENGINGABABALA KULESISIFUNDAZWE ABENZA OKUBI KUNAKHO KONKE ABANDKUKWENZA UKUNGINUKUBEZA NOKUNGINYUNDELA EMIKHAKHENI KAHULUMENI KWELASENDIYA. NGIFISA UKUZWAKALISA UKUDABUKA KWABANTU BASENINGIZIMU NE-AFRIKA ABAMNYAMA EMNDENINI KA-RAJIV GANDHI NASEZIGIDINI ZABANTU BASENDIYA KANYE NAKUBANTU BAKITHI BASENINGIZIMU NE-AFRIKA ABANGAMANDIYA NGOKUZALWA.

KUFANELE SIHLANGANE NAMHLANJE ENINGIZIMU NE-AFRIKA NJENGABANTU BASENINGIZIMU NE-AFRIKA ABAZINIKELE EKUTHULENI EKUDALENI ININGIZIMU NE-AFRIKA ENTSHA NGOKUTHULA NGENDLELA AMAGHAWE AFELA NAHLUPHEKELA UMZABALAZO NO-MAHATMA GANDHI NO-MARTIN LUTHER KING NGEMUVA KWAKHE ABASIFAKA INTSHISEKELO SONKE, ABABEYOYILINDELA KITHI.